



Ilanga, 16-18 August 2018, Page 15



UNKZ Sizakele Zuma ethola umkholomelo ka-R75 000 ngokuba yiBest Subsistence Producer emncintiswaneni wokuhlomulisa abesifazane abenze kahle kwezolimo ohlelwe wuMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa KweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natal. IZITHOMBE NGU: JOHN HLONGWA



UNKK Thobile Mpontshane waseVryheid, onepulazi lezingulube, uthole u-R250 000 wokuba yi-Overall Winner, u-R125 000 wokuba yiBest Commercial Farmer no-R50 000 weMEC Special Award. Usuwonke umkholomelo agoduke nawo u-R425 000 ngokubaqwaqwada bonke abesifazane emakhana. Uthathwe noNgongqoshe wezoLimo KwaZulu-Natal, uMnu Themba Mthembu.

## USIZWE EYEQOLO OHLOMULE ISIZUMBU LU KOWEZOLIMO

### THANDEKA NGOBESE

**L**UTHINTE abaningi udaba lowesifazane waseMgungundlovu othathe imali yesibonelelo sezengane sikhulumeni wathenga imbewu kabhontshi waqala ukulima.

Lona wesifazane ongunkz Sizakele Zuma (33), uhamba no-R75 000 ngokuba yiBest Subsistence Producer emncintiswaneni wokuhlomela abesifazane abenze kahle kwezolimo, owenwiwa wuMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa KweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natal.

Ekhuluma neLANGA uNkz Zuma, uthe imali yeqolo bekuyiyo na kuphela akwazi ukuyithola njengoba engasebenzi.

"Nginconzule u-R100 ngenyanga yokuqala neyesibili ngathenga izithombo zikamatatasi nezeklabi-

shi. Selokhu ngingenile emkhakheni wezolimo, kangisalambu njengoba abantu basemphakathini bethenga kimina.

"Ukuwina lo mklomelo kuzongisisa kakhulu ukuthenga amapayipi ukule ngekwazi ukudonsa amanzo okuchelela," kusho yena. Uthi ubengazitsheli ukuthi uyoke abe nemali engaka kwi-akhawunti yakhe njengoba nesikole engasique-danga ngenza yokuhlushwa ngabantu abadala.

"Abesifazane mabasukume bazithathe, ezolimo yizonia esingakwazi ukuggashula ngazo amakte-tango obubha. Ngifisa ukuthola umhlaba omkhudluwa ukuze ngilime kakhulu, umkhiqizo wami ngufufake ezitolo ezinkulu," kusho uNkz Zuma.

Omunye wesifazane obaqwade emakhana, nguNkk Thobile Mpontshane, waseVryheid,

onepulazi lezingulube. Uwine kwaze kwaba kathathu wagcina esehamba nesamba sika-R425 000.

UNKK Mpontshane uthole u-R250 000 wokuba yi-Overall Winner, u-R125 000 wokuba yiBest Commercial Farmer no-R50 000 weMEC Special Award. Ipulazi lakhe linezingulube ezbalelwaku-3 000 kanti uthi ngesonto udaiya-eziwu-80.

"Bengingazitsheli ukuthi lo msebenzi ungakhula ufike kuleli zinga okulona. Izingulube ezizalayo, zihulula amachwane awu-220 kanti iyodwa ihulula abalelwaku-20. Epulazini nginezisebenzi eziwu-8, ukohkuna kuzona nezimennenaz ezbikelele lo msebenzi ezifundeneDenmark.

"Mina noma ngingenalo ulwazi olutheni, kodwa ukuba khona kwazo kwenza ibhizini liqhubeke lidlondlobale liye phambili

njengoba nami ngingamile emfundweni ngilokhu ngizihlomisa ngolwazi," kusho uNkk Mpontshane.

Emuva kokuwina lo mklomelo, uNkk Mpontshane ugquqquzele bonke abesifazane abasmekhakeni wezolimo ukuba basebenze ngokuzimisela balime, batshale, abafuyile baqhubube baafuye ngoba mkhulu umvuzo otholakala ekugcineni uma umuntu esebeenze ngokuzimisela.

UNKK Maureen Magubane ongumengameli wabesifazane abatshala ezindaweni zasemakhaya, ugquqquzele abesifazane ukuba basebenze ndawonye bangabi nomona, kodwa basizane.

"Uma umuntu eselutholile uxhaso, makangathi kuxhaswe mina ngedwa, kodwa makabize amanye amakhosikazi aseduze kwakhe kusetshenzwe kuqhutshe-

kwe kuiwe phambili," kusho uNkk Magubane

UNggongqoshe wezoLimo KwaZulu-Natal, uMnu Themba Mthembu uthi abesifazane kumele babe sekhaleni odabeni lokubuyiswa komhlaba ngoba yibona abasebenza kakhulu umhlaba kuanbesilisa.

"Laba besifazane abenza lo msebenzi, kumele sibaklomelise ngoba ngabo kufukuleka umnotha-waKwaZulu-Natal nowaseNingizimu Afrika yonke. Basebenza kanzima, bavuka noma kubanda bayotshala, ekugcineni sisizakale sonke ngokudla abakukhiqizayo.

"Siwumnyango sizoqhubeka sibeseki labo mama ngokubanika izithombo zokutshala, izinkukhu kubalo abafuyayo nezimbuli ukuze baqhubube nomsebenzi wabo omuhle wokufukula umnotha," kusho uMnu Mthembu.